IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

40/2015 Intshumayelo ngesonto 8 emva komkhosi wobuThathwemunye, **elokukhumbula ukuvulwa kwendlu yokusonta**, ngomhla ka 17. 07. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

Izwi elongamela leliviki lesonto 8 morago ga moletlo wa Borarobongwe, lilotshiwe ku-Ef. 5:8b-9, lithi: **'Hambani njengabantwana bo kukhanya, ngokuba izithelo zokukhanya zisebuhleni bonke nasekulungeni naseqinisweni."**

nelomkhosi lokukhumubla ukuvulwa kwendlu yokusonta, lilotshiwe kuwo amaHubo 84:2-3, lithi: **"Umphefumulo wami ulangazelela, womela amagceke kaJehova; inhliziyo yami nomzimba wami kuyahuba ngokwethaba kuaNKulunkulu ophilayo, ngokuba umzwilili ufumene indlu, nankonjane isidleke sayo, lapho ibeka khona amazinyane ayo, ngisho ama-altare akho, Johaova-Sebawoti, Nkosi yami, Nkulunkulu wa mi."**

1. Iculo 231/154

2. **Umkhuleko:** Moya oNgcwele mawuze, usiphe izindlebe ezizwayo, izingqondo eziqondayo, nezinhliziyo ezikholwayo yiNdodana kaNkulunkulu uJesu Kristu uMsindisi wethu. Amen.

3.Izwi leTestamente elidala lesonto 8 emva komkhosi wobuThathwemunye lilotshiwe kuIsaya 2:1-5;; elomkhosi sokukhumbula ukuvulwa kwendlu yokusonta lilotshiwe kuIsaya 66:1-2;

Iphistola ngohlelo lwesibili lesonto 8 emva komkhosi wobuThathwemunye lilotshiwe ku-Ef. 5:8b-14; elomkhosi sokukhumbula ukuvulwa kwendlu yokusonta , lilotshiwe kuso isAmb. 21:1-5a;

Ivangeli ngohlelo lwesihlanu lesonto 8 emva komkhosi wobuThathwemunye lilotshiwe Joh. 9:1-7; elomkhosi sokukhumbula ukuvulwa kwendlu yokusonta lilotshiwe kuLuka 19:1-10.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 233/288

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. Ivangeli lezwi lenthuamayelo lilotshiwe kuJohane 2:13-25, lithi: "Lalisondele iPhasika labaJuda; uJesu wakhuphukela eJerusalema. Wafumana ethempelini abathengisa ngezinkomo nangezimvu nangamajuba, nabahlezi beshintsha imali. Wayesenza inkalivasi ngezintambo, waxosha bonke ethempelini, nezimvu nezinkomo, wachitha imali yabashintshayo, wagumbuqela amatafula, wathi kwabathengisa ngamajuba: Susani lokhu lapha, ningayenzi indlu kaBaba indlu yokuthengelana. Abafundi bakhe bakhumbula ukuba kulotshwé ukuthi ukushisekela indlu yakho kuyangidla. Ngakho-ke abaJuda baphendula, bathi kuye: Usitshenisa isibonakaliso sini ukuba wenze lokhu na? UJesu waphendula, wathi kubo: Bhidlizani lelithempeli, ngizakulivusa ngezinsuku ezintathu. Ngakho bathi abaJuda; Lelithempeli kwaba-yiminyaka engamashumi amane nesithupha lakhiwa, wena-ke uzakulivusa ngezinsuku ezintathu na? Kepha wayekhuluma ngethempeli lomzimba wakhe. Kuthé esevukile kwabafilayo, abafundi bakhe bakhumbula ukuthi washo njalo kubo; bakholwa ngumbhalo nezwi abelishilo uJesu. Kwathi eseJerusalema ngePhasika emkhosini, abaningi bakholwa egameni lakhe bebona izibonakaliso zakhe azenzayo; kepha uJesu yena kabethembanga ukuba abhobokelane nabo, ngokuba wayebazi bonke, nangokuba engaswele nobani umfakazela ngomuntu; wayekwazi yena okuphakathi komuntu." Amen.

8. Intshumayelo: Bandla likaKristu elithandekayo, esikhathini sanamuhla kukhona izinhloso eziqhubayo phakathi kwabaJuda abashisekelayo ukukholwa kwabo, ezisekelwa nangamakholwa athiwa abakwaSiyone abakholwa nguKristu, bayahlosa ukuba ithempeli lesithathu lakhiwe. Abaningi babaJuda bakholwa ukuthi ithempeli lesithathu liyakuqhuba izikhathi zokuhlalisana ngokuthula phakathi kwezizwe ngeminyaka eyinkulungwane, ethiwa "Millennium." Bonke abalandela lomqondo baveza amazwi emiBhalo ukusekela imicabango yabo. Khona imicabango ehlukeneyo ecatshangwayo ukuba inhloso yabo yenzakale. Umcabango munye usho ukuthi lelithempeli lesithathu lizokwakhiwa eceleni kwethempeli lamaSulumani elikhulu, elifulelwe ngegolide elakhiwa endaweni yethempeli lesibili eJerusalema phezu kwetshe abacabanga ngalo ukuthi uAbrahama walisebenzisa njengealetare ukuhlaba uIsaka phezu kwalo.

Singathi ngakho konke okuyakwenzeka ngalemicabango yonke yokwakha ithempeli lesithathu eliyakwakhiwa ngezitini, noma ngamatshe, noma okungayikwenzeka ngayo, kukhona okuqinisekile okukodwa: Akuyikuba ithempeli likaNkunkulu weqiniso. UJesu wachaza kahle esexhoshile ababethengelana ethempelini lesibili, wathi: "Bhidlizana lelithempeli, ngizakulivusa ngezinsuku ezintathu." Washo ithempeli lomzimba wakhe, oyikerike noma ibandla lakhe. Usakhile ithempeli lesithathu eliyithempeli elizohlala libe khona, kuze kube phakade, lakhiwe

ngezitini eziphilayo ezingamakholwa akhe, azofakwa ezindongeni zalo ngokubhapathizelwa egameni likaNkulunkulu onguYise neNdodana noMoya oNgcwele. Isakhiwo esinye esingakhiwa ngabantu, noma endaweni yethempeli lesibili siyakha ithempeli likaNkulunkulu weqiniso. Ngakho mawungakhohliswa yilabo abaphuphayo ngethempeli lesithathu eliyakwakhiwa ngamatshe, noma ngezitini zegolide. Kodwa kwenziwani ukuba uJesu azinikele ukuxosha labaya ababethengelana ethempelini lesibili. Kanti wazi ukuthi ithempeli lomzimba wakhe lizodlula leliya, njengalokhu ekhulumile ngokukhanya okukhulu ukuthi iJerusalema nethempeli lesibili lakhona lizobhidlizwa ngezimpi zezitha zabaJuda? Simelwe ukuqaphelisisa amazwi eHubo 69:9 athi: "Ngokuba ukushisekela indlu yakho kungidlile; izithuko zabakuthukayo zingehlele." LeliHubo liyakhuluma ngokuhlushwa kweNceku kaNkulunkulu eyakubulawa ngenxa yokushisekela kwayo ngenxa yendlu kaNkulunkulu. Kwathenjiswa eTesastamenteni elidala ukuthi uMsindisi ogcotshiweyo, uMesiyah uyakushisekela ithempeli likaNkulunkulu ngesineke esikhulu. Ngamazwi amanye sithi: Kwathenjiswa ngoMesiyah ozofika ukubhidliza ithempeli leliya. Ithunywé ukugcwalisa okwathenjiswa ngaleliyathempeli elakhiwe ngamatshe. Endaweni enye kwathenjiswa ukuthi: "Onke amakhanzi eJerusalema nakwaJuda ayakwahlukaniselwa uJehova-Sebawoti; bonke abahlabayo bayakufika, bathathe kuwo, bapheke kuwo, kungabe kusabakho-mthenisi ngalolosuku endlini kaJehova-Sebawoti," Zak. 14:21.

Ngokukhuluma ngeJerusalema elisha siyezwa ukuthi akuyikukhokhwa lutho ngabantu, okwemihlatshelo yakhona abantu bakwamukeliswa ngokungakhokhi lutho. Indlu kaNkulunkulu ayakhelwanga kube indlu yokuthengelana, noma indlu yokubumbuluzana, noma yokukhohlisana, noma indlu yokugqiba, noma ukuthenga okuthile kuNkulunkulu. Asivunyelwe ukuzama ukuthulisa ulaka lukaNkulunkulu lokuthukuthelela izono zethu ngemihlatshelo noma ngeminikelo yezinhlobonhlobo. Kuyicala phambi kukaNkulunkulu, uma umuntu ethemba ukuthi uNkulunkulu uyakuthokoziswa ngokwenza okuthile ukuthenga okuthile kuye ngakho. Ukwethemba ukuthi uNkulunkulu uzothokoziswa ngemihlatshelo yethu, mhlawumbe ngokucabanga ukuthi ngokukhipha okungcono, noma okudulile kakhulu uNkulunkulu uzothokoziswa kangcono. Kuyimicabango yabantu bemvelo abasabanjwa ngobuhedeni abazikhohlisa ngemicabango enjalo. Ayisebenzi kuNkulunkulu weqiniso ophilayo. Ukuzama ukuthenga okuthile kuye kwakuvalelwa ngaphandle kwasekuqaleni. UNkulunkulu akasiye ongakhohliseka, akakhohliseki.

Nemihlatshelo eyamiswa entabeni yaseSinayi nguNkulunkulu ayimiselwanga ukuthenga okuthile kuNkulunkulu, njengalokhu kulotshiwe kuHeb. 10:4 ukuthi: "Ngokuba akunakwenzeka

ukuba igazi lezinkunzi nelezimbuzi lisuse izono." Yiso isizathu sokuba oNgcwele kaNkulunkulu wahlambulula ithempeli lawoyise ukulihlambulula kulemithetho enesithunzi sezinto ezinhle ezizayo, engesiyo umfanekiso wazo uqobo, "ungeze waba-namandla ngemihlatshelo enikelwa njalonjalo iminyka ngeminyaka ukubenza baphelele labo abasondelayo," Heb. 10:1. AbaJuda babefuna isibonakaliso kuJesu, bathi: "Usitshenisa isibonakaliso sini ukuba wenze lokhu na?" Impendulo yakhe nomsebenzi wokuhlabulula ithempeli kwakungumsebenzi owabonakalisa ukuthi unguMesiyah. Akuvunyelwe umuntu ukuba angene nje ethempelini, axoshe ababephiwa ilungelo lokuthengisa kulo, nokugumbuqela amatafule. Babefuna isibonakaliso. UJesu wabapha isibonakaliso, wathi: "Bhidlizani lelithempeli, ngizakulivusa ngezinsuku ezintathu." Sithi lesisibonakaliso, siyisibonakaliso esimangalisayo, sokuvuka kwakhe ekufeni ngosuku lwesithathu.

Kodwa ababemuzwa babecabanga ngesakhiwo sethempeli kuphela, bathi: Ukhulumani? "Lelithempeli kwaba-yiminyaka engamashumi amane nesithupha lakhiwa, wena-ke uzakulivusa ngezinsuku ezintathu na?" Kwathatha futhi iminyaka engu-38, kwafika amaRoma ayebhidliza leliyathempeli. Jesu wathi: "Bhidlizani lelithempeli, ngizakulivusa ngezinsuku ezintathu."

Ithempeli uJesu akhulumile ngalo laliyithempeli lomzimba wakhe, eyithempeli leqiniso uNkulunkulu ahlangabezana nabantu bakhe kulo, liyinyama yakhe yobuntu azalwa enayo ezalwa nguMariya yintombi. Emzimbeni kaKristu, ebandleni lakhe khona uyahlangabezana noNkulunkulu ngokuhlangana naye ngokwempela, kungabi esakhiweni esakhiwe ngezitini, esikhumbula ukuvulwa kwaso namuhla ngokubonga, kodwa sihlanganiswa noMsindisi wethu emzimbeni wakhe kakhulu ngokwemukela umzimba wakhe esinkweni, ongumzimba wenyama yakhe evusiwe elibeni, yakhazimuliswa, uJesu enguNkulunkulu uqobo nomuntu futhi oqobo, ubuNkulunkulu bakhe nobuntu bakhe buhlanangisiwe oqotsheni lwesibili sikaNkulunkulu. Kanjalo-ke siyathethelelwa izono zethu, njengoba simbelwe kanye naye ekufeni kwakhe, nokuvuswa naye, siphile kanye naye emzimbeni wakhe, ebandleni lakhe. Kukho sinokuphila ngenxa yesithembiso sakhe, kungabi ngenxa yokwamukelwa endlini yokusonta nje; kwenzeka kulendlu yethu yokusonta esikhumbula namuhla ukuvulwa kwayo, kodwa kwenzeka kuphela, uma silizwa izwi likaNkulunkulu. Kwenzeka, uma kubhapathizwa ababengakabhapathizwa, kwenzeka ngokuthethelelwa egameni likaNkulunkulu uMthathwemunye, kwenzeka uma samukela umzimba kaKristu negazi lakhe elithululelwa, nokuphuzwa kube ukuthethelelwa kwezono zethu. Emzimbeni kaKristu kuyavuswa abafileyo ukuba babe ngabaphilayo kanye naye, baphile kuye, babe ngamalungu emzimbeni wakhe.

Imihlatshelo yezilwane yeTestamente elidala yayizithembiso ezakhomba umhlatshelo owasesiphambanweni ngokufa kukaJesu. YeTestamente elidala yasebenza kuphela ngokufakazela ngaphambili okube kwenzeke eGolegotha.

Kanjalo-ke uJesu Kristu uyithempeli lokugcina leqiniso. Kulelithempeli uNkulunkulu ubekile igama lakhe elisindisayo, lapho uNkulunkulu ehlala khona ngokwempela namakholwa akhe. Kulelithempeli uYise kaJesu Kristu uyakhonza eMoyeni naseqinisweni. Kulo umzimba kaJesu ukhona, kulo uNkulunkulu uthethelela izono, kulo uyabusisa abantu. Kulo izulu liyanga umhlaba, okungalinganiseki ukuhlangana khona nokulinganiseka, kulo ubuphakade kuyangena esikhathini. Kwenzeka khona lapho phakathi kwethu lapho izoni zibhapathizwa khona egameni likaNkulunkulu onguYise neNdodana noMoya oNgcwele, khona izoni zizwa ukuthi ziyathethelelwa izono zazo, kulo ziyamukela umzimba negazi likaKristu. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, Baba osezulwini, siyabonga, ngokuba iNdodana yakho uJesu Kristu uvulile amehlo ethu ukuba siqonde ukuthi indlu yokusonta eyavulwa ngomkhuleko nangezwi lakho ukuba indlu yokukhuleka kuwe, nokuhlanganiswa nawe ngezwi namasakramente. Mawusisize njalo ukuba sikhumbule lenhloso yakho ukuba singadeleli izwi namasakramente, kodwa sithande njalo ukulizwa izwi lakho nokwamukela intethelelo yezono zethu egameni leNdodana yakho uJesu Kristu, ngokukhumbula ukuthi sibhapathiziwe, nangokukholwa ukuthi silungiselwe indawo ekuphileni okuphakade ngokufa nangokuvuka kweNdodana yakho uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 232/271

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2015 ngu-K. H. Schnackenberg.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.